

USARS UYAQHUBEKA NOKUSEBENZA YIZE KUNESITELEKA

25 May 2022 – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lukuqaphele ukuthi izinyunyana ziqome ukuteleka phezu kwemizamo eyenziwa uSARS ukugwema isiteleka. USARS ukholelwa ukuthi lokhu okubeke etafuleni, lokhu ongakayitholi impendulo kukho, ikona okuhle uma kubhekwa isimo sezinselela zenhlalo-mnotho isizwe esibhekene nazo. USARS unqindwa yizinsiza ezikhona kusibonelelo sesikhwama sezimali.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uthe, “Ngiyaqonda futhi ngiyazwelana nezinselelo zezimali izisebenzi zethu kwaSARS ezibhekene nazo, kanjalo nezisebenzi ezweni lonke. Eqinisweni, bonke abantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi izigidi zabantu abangasebenzi, bathintekile ngomthelela wesimo esikhona sezomnotho. USARS uyingxene yomphakathi omkhulu kanti nomuzwa wokunganeliseki siyawuqonda, ikakhulukazi uma bazi ukuthi isimo esikuso njengamanje mancane amathuba okuthi singashintsha esikhathini esifishane. Izisebenzi azizikhetheli ukungasebenzi ngoba nakho lokho kunomthelela kwezezimali kulesi sikhathi esinzima. Kumele siqonde kodwa ukuthi, uma izisebenzi zizizwa zicasukile ngakho zicabanga ukuthi ukuteleka iyona ndlela ezokwenza ukuthi zizwakale.”

UKhomishana uqhubekile: “USARS uyalazi ilungelo lezisebenzi ngokomthethosisekelo lokuteleka nelokuzwakalisa imizwa yazo ngokuhlinzekelwa umthetho. Umsebenzi obalulekile wakwaSARS kumele uqhubeke kanti sizothatha naziphi izinyathelo ezidingekayo ukulinganisa umthelela wesiteleka nesibophezelo zethu zokwenza izibophezelo zethu ezimqoka zokuhlinzeka usizo olubarulekile kubakhokhintela nasekuqoqeni intelo okumele iqoqwe. Le mali okuyiyona ekhokhela imiholo yezisebenzi zikahulumeni nephinde ihlinzeke ngezinsiza ezifanele zokuhlinzela umphakathi ngezimpahla nangosizo. Umsebenzi wakwaSARS owokwenza izinguuko kanti unika uHulumeni amandla okwazi ukwakha umbuso okhonayo okhuthaza ukukhula komnotho okuzinzile nentuthuko kunhlalakahle okusebenzela inhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika.”

USARS ufisa ukubika ukuthi usuku lokuqala lwesteleka luqhubeke ngendlela ehlelekile, akubanga nazigigaba, kanti siyazibonga izisebenzi ngokusebenzisa ilungelo lazo, zibe zihlonipha amalungelo abanye futhi zibe zithobela nomthetho. Ngenxa yosizo oluningi olwehlukile

olutholakala kwezohlelohumano Iwezobuchwephesheshe, ukuphazamiseka kokusebenza kube kuncane kakhulu. Ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo, sizoqhubeka nokuqapha okuqhubekayo emahhovisi ethu asemagatsheni. Sizoqhubeka sifake okwakamuva kusizindalwazi sethu ngenhloso yokweluleka umphakathi ukuthi ungaxhumana kanjani noSARS ukuze bakwazi ukufenza izibophezelzo zabo.

Kugqugquzelwa abakhokhintela ukuba bakugweme ukuza emahhovisi akwaSARS.

Ukusebenza kweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ezintubeni zokungena, ikakhulukazi emingceleni, akuzange kuphazamiseke kakhulu. Yonke imingcele yeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni iyasebenza ngezinhlelo zezimo eziphuthumayo ezibekiwe ukuze zibhekane nesiteleka. Amahhovi Alawula Impahla Emngceleni akwaSARS azoqhubeka nokuthembela osizweni alithola kuzisebenzeli zikaHulumeni kuyo yonke imingcele, ikakhulukazi uMnyango Wamaphoyisa ukuqinisekisa ukuthi ukusebenza kuyaqhubeka.

USARS uzichazele izisebenzi ukuthi kuzosebenza umgommo othi "uma ungasebenzanga, ngeke uhole". Ngalokho bacela ubuholi bezinyunyana bunike impendulo esemthethweni kulokhu abakubeke atafuleni kamuva ukuze lolu daba luzophela, okungeke kuzuzise muntu. "Ngicela ubuholi kwezabasebenzi", "bubheke lokhu esikuphakamisile", kuqhubeka uKhomishana Kieswetter. Ngiyaniqinisekisa ukuthi lokhu ikona esingakwazi ukukwenza ngaphansi kwezinkinga zezimali esinazo okwamanje. USARS akanazo izinsizakusebenza zokuhlangabezana nezimfuno zezinyunyana okuyi-CPI plus 7%. Ngiyaqonda ukuthi lokhu esikubeka etafuleni akukona lokhu izisebenzi zethu ezikufunayo, kodwa unethemba lokuthi ikhona indlela yokusombulula lolu daba olukhona Iwesiteleka ngesikhathi lapho izisebenzi zonke zikahulumeni zithintekile"

Uphethe ngokuthi, "Siyazi ukuthi kuleminyaka embalwa eyedlule imiholo nemihlomulo akuhambisani nokunyuka kwamanadla emali. Ezweni elibhekene nezinga eliphezulu lokungasebenzi kanye nezinye izinselelo zenhlalo-mnotho, izisebenzi zakwaSARS zivikelekile ngoba zinayo imisebenzi, futhi zihola futhi zinemihlomulo ngokwemakethe yemisebenzi. Lokhu esikube etafuleni, noma kungahlangabezani nezimfuno zezisebenzi, kuzokwehlisa umthwalo kunciphise umthelela wezimo ezikhona kwezomnotho. Umnyango wezingxoxo usavuliwe futhi sikulungele ukusebenzisana nozakwethu bezinyunyana zabasebenzi ukubheka izindlela zokuthuthukisa imihlomulo yokugcina izisebenzi zethu."

USARS ucela ukuba izinyunyana ziqhubekе ziteleke ngokuthula futhi zihloniphe imithetho njengoba ikhishiwe ku-CCMA Picketing Rules.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA